INkampani Yezobuciko KwaZulu-Natali
eyaMenyezelwa ngokwesigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1998 (uMthetho No. 119 we-1998) mhla lulunye (01) kuMbasa wezi- 2003
P O Box 5353, DURBAN, 4000, 29 Acutt Street, DURBAN, 4001, KwaZulu-Natal, South Africa
Ucingo: (031) 3699555, iFeksi: (031) 306 2166, Production Services Mayville, Ucingo: (031) 208 4171; iFeksi: (031) 208 4162
www.playhousecompany.com

ISICELO SOKWENZA IZIPHAKAMISO E-THE PLAYHOUSE COMPANY – INKOMBA: PHC 56/2018

IMISEBENZI YOKULAWULA IZINKAMBO E-THE PLAYHOUSE COMPANY EZOQHUBEKA ISIKHATHI ESIYIMINYAKA EMITHATHU (3)

I-The Playhouse Company iyiSikhungo Sezamasiko esirejistwe ngokweSigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1988, ukuze zikhuthaze eZobuciko Namasiko Kwa-Zulu Natali.

I-The Playhouse Company imema iziNkampani Ezibhekele Ukulawula Izinkambo ukuba zihlinzeke ngeMisebenzi Yokulawula Izinkambo e-The Palyhouse Company.

Umsebenzi uzobandakanya lokhu okulandelayo kanye nokunye*:*

- Ukuhlinzeka ngemisebenzi yokuhlela izinkambo zabantu abathatha uhambo olukhokhelwa yi-The Playhouse Company. Lokhu kubandakanya abasebenzi kanye nabantu abangasebenzi khona kodwa abagunyaziwe ukuba bathathe lezo zinkambo;
- Ukuhlala unolwazi oluhambisana nezinhlelo zezinkambo neminye imigomo emisha enomthelela ezinhlelweni zezinkambo nezindawo zokulala kanye nokwenza izinguquko ezifanele maqondana naleyo migomo yezinhlelo zezinkambo ngaphambi kokuba kuthathwe uhambo kumbe ngesikhathi sohambo olusemthethweni.
- Ukuphendula ngokushesha kanye nokubhekana nayo yonke imibuzo, izicelo, izinguquko kanye nokumiswa kusenesikhathi kohambo lungabe lusaqhubeka nangendlela efanele.
- Ukunikeza ngesikhathi esifanele abazothatha uhambo amaphepha ohambo, imininingwane ngohambo kanye namaphepha afakazisa ukugunyazwa kohambo ngaphambi kosuku lokuhamba.
- Ukwelekelela ngezinhlelo zokuguqulwa kwezimali zihambisane namazwe angaphandle kanye nokuthathwa komshwalense wokuhambela amazwe angaphandle uma kungukuthi uhambo luphikelele emazweni angaphandle (lapho kudingeka khona).
- Ukuba nolwazi ngemiyalelo kaMgcinimafa Kazwelonke emaqondana nokuncishiswa kwezindleko (National Treasury's Cost Containment Measures);
- Ukuxoxisana ngezaphulelo zezinkambo zezindiza kusetshenziswa amakhodi e-Playhouse okukhokhela izinkambo zezindiza njengalokhu ekhishwe nguMgcinimafa Kazwelonke;
- Ukuqhathanisa amanani ezindiza, izindawo zokulala, ukuqashwa kwezimoto kanye nezimoto ezithutha abagibeli bezindiza ngokuhambisana nezilinganiso ezibekiwe maqondana nokuncishiswa kwezindleko ngokomyalelo kaMgcinimafa Kazwelonke;
- Ukuhlela ithimba labelekeleli abazosiza abaThatha Uhambo uma sekwedlule isikhathi sokusebenza kanye nokubekisa izindawo okuphuthumayo nokwenza izinguquko zezinhlelo zezinkambo;

Imininingwane ephelele maqondana nemisebenzi ezokwenziwa iyatholakala emaphepheni ethenda.

Amaphepha ethenda ayatholakala eNhloko-Hhovisi ye-The Playhouse Company, ku- 29 Acutt Street kusukela ngehora le-10h00 mhla ziyi-**02 kuNhlolanja wezi-2018.** Kunemali engabuyiselwa emuva

engama-R 350 okumele ikhokhwe kuMnu. Sudesh Harilal (ext. 9443) ukuze kutholakale amaphepha ethenda.

Ngezansi wuhlu lokudingekayo ngaphambi kokuba ufaneleke ukuba ufake isicelo:

- Ubufakazi bokurejista oHlwini LukaMgcinimafa kazwelonke Lwemininingwane Yabahlinzeka Ngemisebenzi (National Treasury Central Supplier Database);
- Kuphoqelekile ukuba nesitifiketi esisemthethweni sokuKhokha Intela kumbe inombolo ekhishwa ngabe-SARS;
- Izitatimende Zezezimali Ezicwaningiwe zeminyaka emithethu eyedlule
- Ukuba sesigabeni sesibili (2) se-B-BBEE;
- Isitifiketi esisemthethweni se-International Air Transport Association (IATA) license (certified copy)
- Izilinganiso zamanani kumele zithunyelwe bukhoma kumbe ziposelwe ekhelini elingezansi.

Kuzoba nomhlangano ophoqelekile maqondana nalezi ziphakamiso mhlaka **8 kuNhlolanja wezi-2018** ngehora le- **10h00** e-The Playhouse Company, 231 Anton Lembede Street, eThekwini.

Usuku lokuvalwa kokuthunyelwa kweziphakamiso umhlaka **02 kuNdasa wezi- 2018 ngehora le-11h00**. Ngeke zamukelwe iziphakamiso ezizofika sekwedlule isikhathi. Iziphakamiso kumele zibhalwe ngokucacile bese zifakwa emvilophini ziqondiswe ku:
The Chief Executive Officer at The Playhouse Company, 29 Acutt Street, Durban 4001.

Imibuzo ingaqondiswa kuMnu. Siya Manqele enombolweni yocingo ethi: 031- 369 9507 noma ku: accountingassistant@playhousecompany.com